

UTHUKELA CLUSTER



GENERAL EDUCATION AND TRAINING

IBANGA 9

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA [HL]
IPHEPHA LESIBILI
UKUHLOLA KWAMAPHAKATHI NONYAKA
2024

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2

LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYI-10

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu ezintathu:

ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (25)

ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)

ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (35)

2. Fundisisa **YONKE** imiyalelo ngokucophelela.

3. Phendula **YONKE** imibuzo ekuleli phepha.

4. Qalisa isiqephu **NGASINYE** ekhasini **ELISHA**.

5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

6. Bhala izinombolo njengoba zibhalwe ephepheni.

7. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

8. Qaphela isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50

ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30

ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40

10. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

UMBUZO 1 UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Fundisisa **UMBHALO A** ubuye ubukisise **NOMBHALO B** ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

Fundisisa lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

Kwaze kwamnandi eNingizimu Afrika. Ngathi yiphupho le mpilo ephilwa kuleli lizwe elisuka ebumnyameni bobandlululo. Yingakho silisho ligcwale umlomo elithi unyaka we-1994 waba yingqophamlando yoqobo kwizakhamuzi zakuleli. Namuhla sikhuluma ulimi lwentando yeningi. Zonke izinhlanga zinamalungelo alinganayo. Akekho ongcono kunomunye. Ungathi usenga ezimithiyo uma uthi leli lake lahlaselwa yisihogo sobandlululo olunyantisa igazi. Izingane ezizalwe ngemuva konyaka we-1994 nangaphambidlana kancane kokufika kwawo ziyamangala uma zixoxelwa ngempilo lapho amathuba ayeyimfolozi ekhetha abaweli. Zimangala kufanele futhi ngoba phela lento ezisuke zixoxelwa yona iyimpumalanga nentshonalanga kulokhu abakubonayo nesimo abaphila kuso namuhla.

Siwethulela isigqoko amaqhawe ayibamba ishisa ngaphandle nangaphakathi kuleli. Namuhla sikhuluma ngothingo lwenkosazane lapho zonke zidla ngalukhezo lunye, zikleza mbele munye. Kuningi esiziqhenya ngakho kule nkululeko yezwe lakithi. Engani noMthethosisekelo nje uwodwa, uxoxa indaba enkulu. Wawungakuthathaphi ukukhuluma ubeke uvo lwakho ngokukhululeka kulesiya sikhathi? Amasongo kaSigonyela ayengakukhalela,ugwetshwe kuhle komuntu othathe umphefumulo womuntu. Kepha namuhla sikhuluma ngenkululeko,sigxeke, sincome lapho kufanele khona ngaphandle kokwesatshiswa nokwethenjiswa ijele.

Amathuba emisebenzi athe chithi saka. Ukhetha owuthandayo, uyeke ongawufuni. Izikhungo zemfundo ephakeme zivuleleke kuzo zonke izinhlanga zaseNingizimu Afrika. OMhlophe, oMnyama, iKhaladi, iNdiya kuyalingana kulelizwe, Ngakho-ke awukho umsebenzi ovulelwe uhlanga oluthile bese uvaleka kolunye. Empeleni phela kulesiya sikhathi, isizwe esiMnyama sasingenawo amathuba amaningi emisebenzi. Kwakwaziwa kahle nje ukuthi uma ufunda uzokuba nguThisha, iPhoyisa, uMabhalane, uMhlengikazi nokunye okumbalwa kakhulu. Imisebenzi efana noNjiniyela neminye ethwele umnotho wezwe wawubekelwe izinhlanga

ezithile kuphela.

Namuhla sikhuluma ngezikole ezixube izinhlanga. Sikhuluma ngemfundo yamahhala emabangeni aphansi ezikoleni zabadla imbuya ngothi. Wawungakuthathaphi lokho? Bangaki abashiya phansi isikole ngenxa yokuntula imali yokufunda nje kuphela? Wawungawathathaphi amanzi ezikoleni zasemakhaya? Ugesi wona-ke? Engani bekugcwala kuthi phama ezitolo ezifana no-Adams and Griggs uma kuvulwa izikole abantu beyothenga izincwadi zokufunda namabhuku okubhala imisebenzi. Namuhla usungathi yiphupho ukuthi okwakho ukuthumela ingane esikoleni nje kuphela, izincwadi izozifika khona, amabhuku okubhala namapeni kwesinye isikhathi kuzotholakala khona ngoxhaso lukaHulumeni.

Siyakubonga ntando yeningi ngokusivula amehlo. Namuhla sikhuluma ngokuthi kuyadliwa ezikoleni. Ungathi yiphupho ukuthi ingane yesikole yayibonakala ngomhlophe umlomo lona uma ivela esikoleni, okuya ngasethunjini ilokhu ikugcine ekuseni ngesikhwetshana sommbila esisale ebhodweni ngesikhathi kuphekwa ifutho ngayizolo. Okubuhlungu yikho ukuthi wonke lowo mzamo osewenziwe nguMnyango wezeMfundo, izingane zethu zibonakala zingenalugqozi nje lokufunda. Amathanga ahlanzela abangenamabhodwe ngempela. Ngike ngisho ngithi ukuba leli thuba elifana naleli laqhamuka ngesikhathi sakudala, inhlonipho isadla ubhedu nelukuluku lokufunda lisephezulu, ngabe leli lizwe lethu liphezulu kakhulu kwezomnotho.

Ubani nje owayazi ukuthi kuyoke kube khona umndeni othola ukwakhelwa umuzi ngaphandle kokukhokha ngisho indibilishi lena emdaka? Singahlala kanjani-ke singasho ukuthi unwele olude emaqhaweni ayibamba ishisa emzabalazweni? Izindlu zithe qhibu kuhle kwamakhowe. Sekukhona ngisho izindawo esezibizwa ngokuthi kusemxhwasweni, ngakho njalo ngoba kunezindlu eziningi lapho ezakhiwe ngoxhaso lukaHulumeni. Imigwaqo siyayibona yakhiwa, nedilikayo iyalungiswa. Zimbalwa kakhulu izindawo okungekho namzilana nje womgwaqo owakhiwe nguHulumeni kuzona. Nakuba ingelona itiyela kuzo zonke izindawo imigwaqo yethu kepha sesehlile isibalo sezindawo okuthi uma kuna izulu kume nse ukuhamba kwezithuthi ngenxa yokushelelela komgwaqo. Siyamubonga uHulumeni wethu ngemizamo yakhe. Asibambisaneni naye ukuze kube kuningi asenzela khona. **Siyiphathe kahle impahla kaHulumeni ukuze angasebenzeli emuva njengenkukhu.**

1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)

ISITHOMBE SOKU-1



ISITHOMBE SESI-2



ISITHOMBE SESI-3



ISITHOMBE SESI-4



[Zithathwe ku-inthanethi]

IMIBUZO

- 1.1.1 Nikeza isizathu esenza umbhali abize ngengqophamlando unyaka we-1994. (1)
- 1.1.2 Gagula izimo zokukhuluma **ezimbili** esisetshenziswe esigabeni sokuqala. (2)
- 1.1.3 Nikeza okungumehluko mayelana namathuba emisebenzi ayetholakala esikhathini sakudala kanye nasetholakala esikhathini samanje. (3)
- 1.1.4 Ngabe isimo sokukhuluma esisetshenziswe esigabeni sesine sinamthelela muni ekuqondeni okushiwo umbhali? (3)
- 1.1.5 Ucabanga ukuthi uHulumeni wenza into enhle yini ngokuthi izingane zidle ziphinde futhi zifunde mahhala? Sekela impendulo yakho. (3)
- 1.1.6 Iqiniso noma umbono ukuthi imigwaqo eminingi uHulumeni uzama ngayo yonke indlela ukuyilungisa? Sekela impendulo yakho. (3)

[15]

1.2 UMBHALO B (OBUKWAYO)

- 1.2.1 Nikeza okukodwa okubona esithombeni soku-1. (1)
- 1.2.2 Chaza imbangela yalokhu okwenzeka esithombeni sesi-2. (2)
- 1.2.3 Qhathanisa okufanayo okuqukethwe isigaba sesi-6 esikumbhalo A (4)
kanye nesithombe sesi-3 kumbhalo B.
- 1.2.4 Ucabanga ukuthi abantu abasesithombeni sesi-4 bayakuthokozela yini lokhu (2)
abakwenzayo. chaza

[10]



AMAMAKI ESQEPHU A: 25

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBULO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nemiphumela engemihle edalwa ingcindezi yontanga usebenzise amagama akho angedluli kwangama
2. Amagama aphakathi kwangama-70 kuya kwangama-80.
3. Fingqa ngesigaba.
4. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
5. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

IMIPHUMELA ENGEMIHLE EDALWA INGCINDEZI YONTANGA

Ingcindezi yontanga iyingxenye yempilo esidlula kuyo sonke. Ungazithola ubhekene nengcindezi ngenxa yabangani noma izihlobo. Ezinye izingane ziyakwazi ukulwa nengcindezi yontanga kanti ezinye le ngcindezi igcina inomphumela ongemuhle empilweni yazo. Abazali abaqapheli uma izingane zabo zinengcindezi yontanga ngoba bakhule esikhathini sakudala esingafani nesikhathi samanje.

Kukhona abangani ababa nomthelela omuhle kanti abanye baba nomthelela ongemuhle empilweni. Ingane ingaphelelwa ukuzethemba uma inengcindezi yabangani. Lokhu kungaholela ekutheni izingabaze ngenxa yokuthi isuke isingaziqondi kwayona uqobo ukuthi ingubani. Ukungazethembi kuyingozi ngoba kugcina kubugququle ubuyona.

Ingcindezi yontanga ingenza amabhungu namatshitshi ayengeke kalula ekwenzeni imikhutshana eyingozi. Le mikhutshana efana nokuphuza uphuza oludakayo, nokubhema izidakamizwa nokunye, yenzeka kakhulu uma ingcindezi isidlondlobele ngokweqile. Okusempeleni amabhungu namatshitshi ayayazi le mikhuba ukuthi iyingozi kodwa azifaka ngenkani kuyona ngenxa yokuthi asuke efuna ukwamukeleka kontanga bawo. Asuke engabuboni ngeso elibanzi ubungozi azifaka kubo obuzogcina bulimaze impilo yawo yonke.

Emazingeni athe thuthu ezemfundo kulapho kukhethwa khona isigungu sabafundi esikhethelwa ukuba yingxenye yobuholi besikole. Laba bafundi baqhamuka emakhaya ahlukahlukene ngokwezimo zomnotho. Abafundi bagcina sebengasezwani ezikoleni ngenxa yokuklodelana. Lokhu kungaholela ekutheni abanye abafundi bazithole sebezizwa ngezici ngenxa yezimo zasemakhaya. Emehlweni ontanga labo bafundi basuke bengelutho.

Intsha ikuthatha njengokuba phambili ukwamukeleka kontanga. Lokho kusho ukuthi konke okushiwo ontanga yikhona okulungile kunezimfundiso zabazali nothisha. Kwesinye isikhathi ingcindezi yontanga inomthelela ongemuhle ezifundweni ngisho noma ngabe umuntu ubezimisele kangakanani. Intsha

Downloaded from Stanmorephysics.com

ayenzi kanye ngamabomu ezifundweni ngoba ingafuni ukukhishwa inyumbazane ontanga. Izifundo zayo ziyehla ngenxa yokuthi ifuna ukunconywa abangani ngokuchitha isikhathi esiningi nabo kunokubhekana nezifundo zayo.

Kuvamile ukuthi abantu abangamabhungu namatshitshi bacabange ukuthi akekho umuntu obaqondayo futhi wonke umuntu uyabazonda umelene nabo. Bangagcina sebengene engozini yokuzahlukanisa nomindenini yabo kanye nabangani ababakhathalelayo. Ukuthanda imfashini kanye nemali kungezinye zezinto eziyingcindezi kubantu abasha. Ngenxa yengcindezi ingane igcina isifuna imali ngenkani kubazali yize yazi ukuthi abazali bayo bahlwempu ngeke bakwazi ukuyithengela izingubo zikanokusho.

Kwabanye abantu abasakhula le ngcindezi ingadala omkhulu umonakalo ongagcina usuletha usizi emndenini. Zikhona izindlela okungagwenywa ngazo ukuba intsha ingazitholi isisogibeni lokwenganywa ukhwantalala. Ingcindezi yontanga akulula ukuba iyizibe kanjalo nabazali ngeke bakwazi ukuyivalela kuhle kweminqolo egumba etsheni. Abazali abaqonde ukuthi yize izingane ziyidinga inkululeko kodwa kumele zikalelwe yona zingabi nayo kuze kweqe. Kubalulekile abazali bahlale bezazisa izingane zabo ukuthi bayazithanda.

[Icashunwe ku-peer.pressure.com yabuye yahlelwa kabusha]

AMAMAKI ESIQEPHU B :[10]

ISIQEPHU C. IZAKHIWO ZOKUSETSHENZIYA KOLIMI

UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo:

UMBHALO D (ofundwayo nobukwayo)

JABULELA UBUNTOFONTOFO BESIHLUTHU SEMVELO
NGAMAKHAMBAMASHA E-NEW MOROCCAN OIL
RANGE!

KHULISA ISIHLUTHU SAKHO NSUKU
ZONKE.

YENZA UKUKAMA IZINWELE ZAKHO
KUBE LULA NGASO SONKE ISIKHATHI

GEZA NGE-SHAMPOO
THAMBISA
KHULISA
VIKELA UKUQOTHUKA
CWAZIMULISA

Amagama akhulisiwe asemabhodleleni

Geza nge-shampoo	Thambisa	Khulisa	Vikela ukuqothuka	Cwazimulisa
------------------	----------	---------	-------------------	-------------

[Icashunwe kuBONA, November 2019, yabuye yahlelwa kabusha]

- 3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi? (1)
- 3.2 Nikeza okubili okwenziwa umkhiqizo okhangisiwe? (2)
- 3.3 Kungabe lesi sikhangiso sibhekiswe kobani (2)
- 3.4 Kungani osesithombeni emamatheka (2)

[07]

Bukisisa **UMBHALO E** bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (IKHATHUNI)

IFREYIMU YOKU-1



IFREYIMU YESI-2



IFREYIMU YESI-3



IFREYIMU YESI-4



IFREYIMU YESI-5



IFREYIMU YESI-6



Nazo-ke uzopepeza! Akazi ukuthi ikhekhe linomuthi wokuhudisa

[Icashunwe yabuye yahlelwa kabusha ku-MRLOVENSTEIN.COM]

- 4.1 Nikeza okwenzeka ku Freyimu yoku -1 (1)
- 4.2 Ubani igama lengane eyayihlupha uMlele (1)
- 4.3 Caphuna isimo sokukhuluma esikuFreyimu yesi-2 (1)
- 4.4 Yisho ukuthi amanga noma iqiniso kulomusho olandelayo. (1)
 - 4.4.1 Umthivovo utshengisa ukuzethemba kuFreyimi yesi 3
- 4.5 Chaza okwenzeka ku Freyimu yesi-4 (2)
- 4.6 Kungabe umbali walekhathuni uyiphethe kahle yini indaba yakhe? Sekela (2)
impendulo yakho ngokubuka iFreyimu yesi -5 kanye neyesi- 6

[08]



Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F

UKUBALULEKA KWEZEMIDLALO ENTSHENI

Ezemidlalo zibaluleke kakhulu entsheni yase ukuze kuthuthukiswe amakhono abo, baziphilise ngawo ngokuhamba kwesikhathi. Emadolobheni Banningi abadlali bemidlalo eyahlukahlukene abayizicebi namuhla. Abanengi akukho misebenzi eminye abake bayenza empilweni ngaphandle kwalowo mdlalo. Singabala abebhola lezinyawo, lombhoxo, isibhakela, nokunye. Iningi labo lisheshe licebe bese lehluleka ukumelana nezinselelo zempilo njengokuziphatha kahle, inhlonipho nokunye. Lokhu-ke kuholela ekuthini **ithalente lishabalale okwamazolo ebona ilanga**, bazithole sebedla imbuya ngothi. bona badinga ukuzihlonipha impela. Abaholi bomphakathi kumele bakuqikelele ukuthi izidingo zezemidlalo njengezinkundla nezinye izinsiza kuyahlinzekwa emphakathini. Isabelo sezimali sonyaka nonyaka kumele singakushiya ngaphandle ukuthuthukiswa kwezemidlalo. Ngezikhathi zamaholidi ezingane zesikole azihlelelwe imidlalo enhlobonhlobo.

- 5.1 Tomula igama elingundaweni elitholakala esigabeni soku-1 emgqeni wesi-2 (1)
- 5.2 Sebenzisa isihlanganiso osinikeziwe kulemisho emibili wakhe umusho ombaxa. (2)
- 5.2.1 Intsha iyaqoqeka uma izimbandakanya kwezemidlalo. Itsha ithola umfundaze uma izimisela **(futhi)**
- 5.3 Khipha isiqalo nesiqu kuleli bizo elilandelayo; (2)
- Abadlali**
- 5.4 Nciphisa leli gama **izinyawo** ngokusebenzisa isijobelelo sokunciphisa amagama bese ulisebenzisa emshweni ozozakhela wona. (2)
- 5.5 Phinda ubhale lomusho olandelayo usukhomba inkathi ezayo (2)
- Iyaqoqeka intsha ngezemidlalo.**
- 5.6 Nikeza igama elimqondofana naleli **'izicebi'** bese ulisebenzise emshweni ozozakhela wona ukuze kuvele ukuthi uyayiqonda enye incazelo yalo. (2)
- 5.7 Chaza lesi simo sokukhuluma esilandelayo: (2)
- 5.7.1 Bazithole sebedla imbuiya ngothi
- 5.8 Faka izimpawu zokuloba kulo musho olandelayo. (3)
- 5.8.1 abaholi bomphakathi izinduna amakhansela kanye namakhosi kumele bahlangane ukwakha isizwe esimnyama
- 5.9 Sebenzisa igama elilandelayo emshweni emibili enemiqondo ehlukeni ukuqonda ukuthi uyayazazi izincazelo zalo: **INDLELA** (4)

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

AMAMAKI ESEWONKE: 70



UTHUKELA CLUSTER

GENERAL EDUCATION AND TRAINING



IBANGA 9

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA [HL]
UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA
IPHEPHA LESIBILI
ISIVIVINYO SAMAPHAKATHI NONYAKA
2024**

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI : 2 AMAHORA

LELI PHEPHA LINAMAKHASI

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

UMBHALO A

- 1.1.1 Isizathu esenza ukuthi umbhali unyaka we-1994 awubizengengqophamlando yingoba abantu abamnyama abayizakhamuzi zakuleli kwaba okokuqala ethola ithuba lokuvota kanye nokuphila impilo ekhululekile bengasacindezelwe ubandlululo (1)
- 1.1.2 Usenga ezimithiyo. (2)
- 1.1.3 Amathuba emisebenzi esikhathini sakudala kunemisebenzi ethile abantu abamnyama ababengavunyelwe ukuyifundela kanti esikhathini samanje le misebenzi isivuleleke kuwo wonke umuntu kungaba omnyama noma omhlophe ngokwebala sekuyafana. (3)
- 1.1.4 Ukudla imbuya ngothi- kuchaza ukhulupheka, lesi sisho singelekelela ukuthi ngiqonde ukuthi inkululeko yaqeda inhlopheko ezikoleni izingane zakwazi ukufunda mahhala. (3)
- 1.1.5 Yebo uHulumeni wenza into enhle ngoba ziningi izingane ezihluphekayo eziya esikoleni zingadlile ezinye zize ziyeke isikole ngenxa yokuthi azikwazi ukufunda isisu sibe sikhala. Ukudliwa ezikoleni kulekelela lezo zingane ukuthi zingabulawa inkemane nabafundisi bakwazi ukufundisa izingane ezisuke zisuthi ukuze izinga lokuphasa ezikoleni lizokhuphuka. (3)
- 1.1.6 Yebo iqiniso ngoba imigwaqo siyayibona yakhiwa nakuba eminye ingelon itiyela kodwa inkwali iyathelwa. (3)

[15]

1.2 UMBHALO OBUKWAYO

- 1.2.1 Imikhukhu Kanye nezihlahla (2)
- 1.2.2 Umuntu osesithombeni sesibili kungenzeka ukuthi uphule umthetho ngokwenza ubugebengu obuthile. [nezinye izimpendulo ezinembayo] (2)
- 1.2.3 Umbhalo A esigabeni sesithupha umbhali ukhuluma ngabantwana bezikole asebethola ukudla ezikoleni. kanti nombhalo B sibona abantwana bezikole bephethe ukudla (4)
- 1.2.4 Abantu abasesithombeni sesi-4 bayakuthokozela ukuthola amanzi ahlanzekile ngoba bahlala emakhaya lapho ingqalasizinda ebikade ingekho (izimpendulo ziyohluka) impendulo eshaya emhlohlweni makakonyeliswe umfundi. (2)

[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 25

UMBULO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

UMBHALO C

Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu owabeke ngamagama akho	
1	'Ingane ingaphelelwa ukuzethemba uma inengcindezi yabangani.'	1	Ingane ingagcina isizenyeza uma inengcindezi yabangani.
2	'Ingcindezi yontanga ingenza amabhungu namatshitshi ayengeke kalula ekwenzeni imikhutshana eyingozi.'	2	Ingcindezi yontanga ingenza amabhungu namatshitshi/intsha aheheke kalula ukuzibandakanya nemikhutshana eyingozi.
3	'Abafundi bagcina sebengasezwani ezikoleni ngenxa yokuklolodelana.'	3	Abafundi bagcina sebexabana esikoleni ngenxa yokubukelana phansi.
4	'Kwesinye isikhathi ingcindezi yontanga inomthelela ongemuhe ezifundweni ngisho noma ngabe umuntu ubezimisele kangakanani.'	4	Kuvamile ukuthi ingane enengcindezi yontanga ingaphumeleli/ingenzi kahle ezifundweni zayo.
5	'Bangagcina sebengene engozini yokuzahlukanisa nomndenini kanye nabangani ababakhathalelayo.'	5	Bangagcina sebezikhipha inyumbazane emindenini yabo/bangaba ngonkomo idla yodwa nakubangani beqiniso ngenxa yengcindezi yontanga.
6	'Ingane igcina isifuna imali ngenkani kubazali yize yazi ukuthi abazali bayo bahlwempu.'	6	Ingane igcina isinobudlova isifuna imali ngesankahlu kubazali yize bezihluphekela.
7	'Kwabanye abantu abasakhula le ngcindezi ingadala omkhulu umonakalo ongagcina usuletha usizi emndenini.'	7	Ezinye izingane le ngcindezi yazo ngeke yakhinyabeza zona kuphela kodwa ingagcina isihlukumeza nemindenini yazo uqobo.

Ukufingqa ngesigaba

Ingane ingagcina isizenyeza uma inengcindezi yabangani. Ingcindezi yontanga ingenza amabhungu namatshitshi aheheke kalula ukuzibandakanya nemikhutshana eyingozi. Abanye babafundi bagcina sebexabana esikoleni ngenxa yokubukelana phansi. Kuvamile ukuthi ingane enengcindezi yontanga ingaphumeleli kahle ezifundweni zayo. Bangagcina sebezikhipha inyumbazane emndenini nakubangani beqiniso ngenxa yengcindezi yontanga. Ingane igcina isinobudlova isifuna imali ngesankahlu kubazali yize bezihluphekela. Ezinye izingane le ngcindezi yazo ngeke yakhinyabeza zona kuphela kodwa ingagcina isihlukumeza nemindenini yazo uqobo.

Amagama [66]

ANNEXURE A

Indlela yokumaka ukufingqa

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
- Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
- Amamaki ama-3 awolimi.
- Amamaki esewonke: 10.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
- 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
- 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
- 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
- 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
- 1–5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi (kuphela uma ewahumushe kahle amanye amaphuzu amabili).

Ukubalwa kwamagama:

- Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
- Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
- Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70 KUYA KU-80, kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eke ngawo.

QAPHELA: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

AMAMAKI ESIQEPHU B [10]

ISIQEPHU C: IZAKHIWO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

UMBHALO D

- 3.1 Okukhangiswa kulesi sikhangisi isigcobiso sezinwele I Easy Waves (1)
- 3.2 Uthambisa izinwele, sikhulisa izinwele, sivikela ukuqothuka , icwazimulisa izinwele. okubili kulokhu okubalulwe ngenhla (2)
- 3.3 Sibhekiswe kubantu besifazane ngoba yibona abathanda ukucwala izinwele (2)
Nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni umfundi akakonyeliswe
- 3.4 Osesithombeni uyamamatheka ngoba ubona izinwe zakhe ukuthi (2)
zikhulile, Zinhle zithambile zintofontofo zikameka kalula. (Nezinye izimpendulo ezishaya emhlozeni makakonyeliswe umfundi

[07]

UMBUZO 4

- 4.1. UMlele uyakhala utshela umfowabo ukuthi kunengane emuhlukumezayo/ (1)
eyibhokolo
- 4.2. Umthivovo (1)
- 4.3. Nginesu lokuthi ngimenze isilo sengubo (2)
- 4.4. Iqiniso ngoba uthi ufunani lapha gwala ndini (1)
- 4.5. Ufowabo kaMlele uphethe ummese uMthivovo uyethuke (1)
- 4.6. yebo uyiphethe kahle ngoba kufremini yesi-5 umfowabo kaMlele usika (2)
ikhekhe elinobuthi kanti ku Freyimu yesi-6 uMthivovo udla ikhekhe elinobuthu elizomupezisa

[08]

UMBUZO 5

UMBHALO F

- 5.1 Empilweni (1)
- 5.2 Intsha iyaqoqeka uma izimbadakanya kwezemidlalo futhi ithola imifundaze (2)
uma izimisela
- 5.3 aba- isiqalo (2)
dlala - isiqu
- 5.4 Izinyawana . Usindi ubehamba ngezinyawana ezincane ebheke edolobheni (2)
- 5.5 Izoqoqeka intsha ngezemidlalo (2)
- 5.6 Izicebi- izigwili/izimpunyela (2)
- 5.7 Bazithole sebehlopheka (2)
- 5.8 Abaholi bomphakathi izinduna , amakhansela kanye namakhosi kumele (3)
bahlangane ukwakha isizwe esimnyama.
- 5.9 umama ungivulele indlela ngenkathi sidla umbila (4)
Ubaba uthathe indlela eya egoli. Nezinye izimpendulo ezishaya emhlozeni

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

AMAMAKI ESEWONKE: 70